# Okuqukethwe


## Ithemu-1

**Umbhalo woku-1:**
Ekhaya ........................................... 1

**Umbhalo wesi-2:**
Li li li halala! ...................................... 3

**Umbhalo wesi-3:**
Ngivuka ekuseni ............................. 6

**Umbhalo wesi-4:**
Sisesikoleni ..................................... 8

**Umbhalo wesi-5:**
Ukungalaleli akukhokheli ............... 11

## Ithemu-2

**Umbhalo wesi-6:**
Wozani esikoleni .............................. 15

**Umbhalo wesi-7:**
UGuma uyagula ............................... 18

**Umbhalo wesi-8:**
Ujakalase neJuba ..............................21

**Umbhalo wesi-9:**
Indlela eya esikoleni ...........................24

**Umbhalo we-10:**
Umama utusa umsebenzi ................ 27

## Ithemu-3

**Umbhalo we-11:**
Siya edolobheni ............................ 30

**Umbhalo we-12:**
Sivakashela eZidedele Nursery ..... 33

**Umbhalo we-13:**
Izibongo zokudla ........................... 37

**Umbhalo we-14:**
Masizinakekele ..............................39

**Umbhalo we-15:**
UKhithi noPhuthi ...........................43

## Ithemu-4

**Umbhalo we-16:**
Siyaqhudelana ................................. 47


**Umbhalo we-17:**
Awu, ngexhiba likagogo!.................. 51

**Umbhalo we-18:**
Kusehlobo .........................................54

**Umbhalo we-19:**
Umakoti engena ngehhashi ehholo ...56

**Umbhalo wama-20:**
Izinkathi zonyaka ............................ 58

**Amagama amasha.................................61**




## Imibuzo emuva kokufunda

1. Uthini u-Ali?
2. Umkhulu ubingelela ubaba uthini?
3. Fakela unkamisa ofanele ukwakha amagama alandelayo:

| **lami** | **Ali** | **umi** | **ima** | **oma** |
|---|---|---|---|---|
| l_m_ | om_ | _ma | Al_ | _mi |
| lam- | | | | |



9781779891808_plt_lan_g01_core_rd_zul_za.indb 2 2025/10/13 12:17

# Li li li halala!

## Imibuzo ngaphambi kokufunda

1. Lisho ukuthini igama elithi isimemezelo?
2. Safika kanjani kuwe? Sasithini?



**Phimisa lo msindo**

l no m

Igama lami nginguLimile Lamula. Ngihlala endaweni yaseLovu. Ngithanda ukucula ngemfiliji. Ngayifundiswa ubaba wami odume ngelikaMawiliza. Ngithanda nokulalela umculo wejezi.

**imfiliji:** into yomculo




**INDUMEZULU YEKHONSATHI YOMCULO**

**Usuku:** 10.03.2024 **Isikhathi:** 1 Oclock

**Indawo:** Ehholo eMalandela

**Imali yokungena:** Abadala R20
Abancane R10

**Ihlelwe:** ULimile Lamula

**Injongo:** Izindleko zokuya eGoli zikaLimile eyomela iKwaZulu-Natal.

**indumezulu:** umcimbi omkhulu



9781779891808_plt_lan_g01_core_rd_zul_za.indb 4 2025/10/13 12:17

Lwafika usuku ngacula kahle nabangani bami. Laba impumelelo sathola imali eningi. Balilizela abantu. Ubaba wayeseloku esula amehlo. Ngalala ngingalele ngicabanga amalungiselelo. Halala!




**Hlukanisa leli gama**

laba

## Imibuzo emuva kokufunda

1. Ubani igama lomfana okule ndaba?
2. Uthanda hlobo luni lomculo?
3. Isiphi isifundo osithola kule ndaba?
4. Bhala amagama akule ndaba anomsindo '**l**' no '**i**' abe mathathu.
5. Abantu abadala ababili nezingane ezimbili zakhokha malini ukungena ekhonsathini?



9781779891808_plt_lan_g01_core_rd_zul_za.indb 5 2025/10/13 12:17

# Ngivuka ekuseni

## Imibuzo ngaphambi kokufunda

1. Ake nisho amaculo eniwathandayo?
2. Ake usho isikhathi ovuka ngaso?

**Phimisa lo msindo**

m no b



Ngivuka ekuseni,
ngivuka ekuseni,
Ngibingelel' umama,
ngibingelel' umama,
Sawubona mama,
Sawubona mama,
Ma...ma Ma...ma




9781779891808_plt_lan_g01_core_rd_zul_za.indb 6 2025/10/13 12:17



Ngivuka ekuseni,
Ngivuka ekuseni
Ngibingelel' ubaba,
Ngibingelel' ubaba,
Sawubona baba,
Sawubona baba,
Ba…ba, ba…ba

## Imibuzo emuva kokufunda

1. Ivuka yenzeni le ntombazane ekuseni?
2. Ungabe uyabingelela nje uma uvuka ekuseni? Ubani owokuqala ombingelelayo? Kungani kube nguye?
3. Bhala amanye amagama amabili ngomsindo ‘**m**’ no ‘**b**’.
4. Dweba iwashi.




**Hlukanisa leli gama**

baba



9781779891808_plt_lan_g01_core_rd_zul_za.indb 7 2025/10/13 12:17

## Imibuzo ngaphambi kokufunda

1. Buka izithombe uqagele ukuthi yenzekaphi le ndaba.
2. Awusho okubonayo ezithombeni?



**Phimisa lo msindo**



n no l

[Kusekilasini leBanga lokuqala, abafundi bonke bahlezi phansi. ULulu noNana bona bamile phambi kwekilasi.]

**Lulo:** NginguLulo Nene, wena ungubani?

**Nana:** NginguNana Nala. Ngineminyaka esiyithupha. Wena?

**Lulo:** Ngineminyaka eyisithupha.

**Nana:** Hawu! Kanti siyalingana.

**siyalingana:** ukuba neminyaka elinganayo



9781779891808_plt_lan_g01_core_rd_zul_za.indb 8 2025/10/13 12:17

[Bayaqhubeka oNana noLulo, abanye bathule cwaka, balalele.]
**Nana:** Ngithanda ukudlala imidlalo eseseluleni kamama. Wena uthanda muphi umdlalo?
**Lulo:** Mina ngithanda ukudlala ibhola.
**Nana:** Nobaba wami uyalithanda ibhola.
**Lulo:** Nginomngani wami uBobo engidlala naye. Ubani owakho umngani?
**Nana:** Owami umngani uLili.



[Sebexoxa ngemindeni yabo.]
**Lulo:** Nibangaki kini?
**Nana:** Sibane ekhaya. Kukhona umama, ubaba, umfowethu kanye nami.

**Isho leli gama**

Lili

**cwaka:** akekho noyedwa okhulumayo



9781779891808_plt_lan_g01_core_rd_zul_za.indb 9 2025/10/13 12:17

**Lulo:** Ekhaya kukhona ugogo, umkhulu, umama, umalume, udadewethu kanye nami.
**Nana:** Thina sihlala eBalela. Nina nihlala kuphi?
**Lulu:** Sihlala eNanoli.
[Abafundi bashaya izandla.]





## Imibuzo ngemuva kokufunda

1. Ubani omdala phakathi kukaNana noLulo?
2. Khipha amagama anomsindo **n** no **l** owabonayo endabeni.
3. Ake ulingise inkulumo kaNana noLulu ninozakwenu.
4. Dweba umndeni wakho.

**umndeni:** abantu bandawonye



9781779891808_plt_lan_g01_core_rd_zul_za.indb 10 2025/10/13 12:17